# COSH ACTION MAGAZINE

Church of Scotland Hospital, P/Bag x 502, Tugela Ferry, 3010 e-mail h053467@dohho.kzntl.gov.za

# Silwa nokuhlukunyezwa kwezingane!!!!

## CAM May/June Supplement



*Yiso lesisicathamiya esasishisa izikhotha ngengoma ethi yabo ethi "IMALI YEQOLO" futhi uma ngibheka nje sebezoqopha*

**BEKUDELA** umakhasane kukhona wena sicathamiya, mshado, mdanso, zinkondlo nakho konke ongase ukucabange ngoLwesithathu mhlaka 21 June 2006. Lomcimbi obuwenzelwe enkulisa ebizw angokuthi iZamukuphila esesigodini saseNkamba esizweni zamaQamu ngaphansi kweNkosi yakwaMajozi bewuhanjelwe nayizinduna zenkosi abazali othisha, abezenhlalakahle, abezempilo ogogo kanye nomkhulu. Inhloso yalomkhakhasho owaziwa ngokuthi yi Child Protection ukubonakalisa ukubaluleka kwezingane kanye nokuqguqguzela abazali ukuba banakekele abantwana babakhombise uthando nokunye okwenza umntwana akhule enokuzethemba. Ethula inkulumo uMnumzane Sbo Gumede uthe abazali kumele bazinakekele izingane zabo futhi kumele bazi ukuthi kuyicala ukuhlukumeza umntwana ngakho ohlukumezayo kumele abikwe emthethweni. Omunye oyisikhulumi esivela emnyangweni wesempilo uMs Mbatha uchazele umphakathi ngosizo oluvela kuhulumeni olumayelana nezimali. Kuningi umphakathi okuzuzilo kulomcimbi futhi nojahidada bebengazibekile phanzi kwazise bekukhona nabazali.

> "Phansi ngokuhlukunyezwa izingane"

Iyaqhubeka →

# Child Protection Day—21 June 2006



NoMandoza akaliboni elidlalayo kulabojahidada, Umdanso kuyafiwa!!!!!



Nomshado siyawuculela ungasiqasha nje sikwenzele into yamehlo!!!!!!



Lomfanyana ohlakaniphile uphendula imibuzo






Lentombazanyana ihaya inkondo ngesifo segculaza nesandulela

Impela iMabazo kumele izokhetha ziyacula lezizinsizwa!!!!





Yibona omuntuza nafunda eZamukuphila Creche!!!!

# Guest Speakers and Departments representatives.



Sbo Gumede ovela kwa Social Welfare wTugela Ferry



Phumzile Shoba is a Social Worker from COSH



Ms Dudu Malembe umgqugquzeli



Ms Nonhlahla Msomi echaza obemele iDOTS



Ms Nene obemele IPMTCT



Ms Dlamini onguthisha eKukhanyakwezwe ubemele umnyango wezemfundo



Onompilo babe negalelo elikhulu ukuze lolusuku lube impumelelo!!!!



Ogogo, omkhulu, omama nabanye bebekhona kulomcibi!!!!!

# Sizakala namhlanje!!!!

Kuyicala eliphindiwe ukubhalisela imali yeqolo ngokungafanele!!!!!

kunenombolo yamahala ongayishayela uma ufisa ukubika ngokuhlukunyezwa kwabantwana ethi 0800 055 555

Abantwana banelungelo lokuya esikoleni noma ngabe bakusiphi isimo sempilo

Ungabashiyi abantwana isikhathi eside engekho umuntu obagadile

Nika umntwana ithuba likhuluma nawe ngezinto ezimkhathaza emoyeni!!!!!





Sibonga kakhulu kuMs Sibeko nakumphakathi nakubantwana besikole iKukhanyakwezwe, izikhulumi, onompilo nakumphakathi wesizwe samaQamu ngoxhaso lwenu

**Phansi ngokuhlukunyezwa kwezingane!!!!!**